(CIB pdf formfields Demoversion)

iviki lokuqala ngqa
uGenesisi 1

Endulo uMvelingqangi wadala izulu, wadala nomhlaba. Umhlaba lo wawuselugwadule nje, ulihlane; kumnyama kwesabeka. Umhlabathi wawujulé echibinikazi elinzulu. Izikhukhula nezikhwishikazane zazihlasela ziphindelela.

Usethi-ke uMvelingqangi: „Akukhanye!“ Khanyiyane!
Wakuthokozela lokho.

Usehlukanisa-ke ukukhanya nokuhlwa; esekubiza ngokuthi ùbusuku enemini.
Kwahlwa, kwasa: *ùsuku lokuqala*.

Usethi-ke futhi uMvelingqangi: „Akuvele uphahla luwadabule kabili lamanzikazi!“
Walwakha ke uphahla, wehlukanisa ngalo amanzi angaphansi nangaphezulu.

Uselubiza ngokuthi ke yisibhakabhaka uphahla lolo.
Kwahlwa, kwasa: ùsuku lwesibili.

Wayesethi-ke manje uMvelingqangi: „Awaqoqane ndawonye onke lamanzi angaphansi kwesibhakabhaka ukuze kubonakale umhlabathi owomileyo.“
Kwaba njalo ke.

Usewubiza-ke ngokuthi yizwe umhlabathiowomileyo; amanzikazi lana ke wona lulwandle. Wakuthola kukuhle lokho uNkulunkulu.

Wayesephinda elwawula uMvelingqangi, ethi: “Alibe ncwaba, libe luhlaza cwe izwe; kuhlume kumiule nhlobo-yonke yezitshalo nemithi. Zikhahlele, ziqhakaze, zihlanze, zithele, zethule imbewu!” Kwenzeka kanjalo.

Umhlaba waveza yonke inhlobo yesitshalo – kuze kuyoshaya kwezinkulukazi izihlahla nembew yazo nesithelo. Wakubuka lokho uNkulunkulu; wakuthola kukuhle.

Kwahlwa, kwasa: ùsuku lwesithathu.

Usethi-ke manje uMvelingqangi: „Esibhakabhakeni akuvele izibani okwahlukaniseka ngazo imini nobusuku; ezibonisa ukuhamba kwezinsuku neminyaka nezikhathi zonkana. Zikhanye esibhakabhakeni; zikhanzise umhlaba.“ Kwaba njalo.

Wazenza-ke uMvelingqangi izibani zambili: esikhulu wasabela imini, esincane ukuhlwa. Wethayisela ngezinkanyezi.

Wase ezichwaneka esicongweni sophahla ukuze zikhanyisele umhlaba imini nobusuku, zehlukanise ukuhlwa nokusa. Wabona ukuthi kuhle lokho uMvelingqangi.

Kwahlwa, kwasa: ùsuku lwesine.

Usethi-ke futhi uMvelingqangi: „Akuvele impilo noswebezane lwezilwane nezilwanyana emanzini onkana; kuvele izinyoni, zindize emkhathini.“

(CIB pdf formfields Demoversion)

Wayesedala-ke izinkanyamba nemikhombe nezilokazana zamanzi nezinyoni ngothilwazo. Wathi uma ekubheka konke lokho, wakuthokozela.

Wakubusisa konke ayesekudalile, wathikwezasemanzini nasezinyonini azande, zigcwalise izilwandle nomhlaba wonke.

Kwahlwa, kwasa: ùsuku lwesihlanu.

Usethi-ke manje uMvelingqangi: „Umhlaba awuveze izilwane, ugcwale impilo: imfuyo, izinyamazane nezinambuzane.“ Kwaba njalo.

Wazenza-ke izilwane, izinhlobo ngezinhlobo: imfuyo nezinambuzane ngothi lwazo. Wakubona kukuhle konke lokho.

Wayesethi-ke uMvelinggqangi: „Manje ke sesidala umuntu - isidalwa esizofuza thina. Uzolawula abuse phezu kwakho konke okuphila ekujuleni kwamanzi nasemkhathini nasezweni.“

Wamdala-ke uMvelingqangi umuntu – wamakha wafuza yena: isilisa nesifazane.

Walubusisa untu, wathi: „Zalanani, nande, nenabe nezwe lonke, nilibuse! Lawulani ngokuthanda phezu kwakho konke okuphila emanzini, emkhathini nasezweni!“

Wenzezela wathi. „Okokudla ke ngininika zonke izitshalo nembewu yazo nezithelo emhlabeni wonke. Izilwane ke zone nezinyoni, izinambuzane nakho konke okunye okuphila emhlabeni ngikunika utshani namaqabunga.“

Usekubona konke ke uMvelingqangi asekwenzile; wakuthokozela.

Kwahlwa, kwasa: ùsuku lwesithupha.

Lavela kanjalo-ke izulu nomhlaba nakho konke okuphilayo.

Wayesewufezile uMvelingqangi umsebenzi wakhe osukwini lwesikhombisa; waphumula.

Wayeselubusisa-ke, elungwelisa, uMvelingqangi usuku lwesikhombisa ngoba kulusuku aphumula ngalo kulo msebenzikazi abekade ewenza, edala.

Nanko ke umlando wokudalwa kwezulu nomhlaba – kudalwa nguSmakade.